



Abaqophi BakwaZisize Abakhanyayo Children's Radio project

'Kwakufanele sitshelwe'/'We should have been told' Lungisani, 11 years old, 2009

Lungisani: Manje ngifikile ekhaya ngibona indlu eyesithini leyomxhaso netoilet, nendlu yodaka nenye ikhishi. Njengamanje ngibona izinja eziwu 2, igama lenye ngugeseni enye ngubrush.

Igama lami nginguLungisani. Ngazalwa ngo 1998 nginemnyaka ewu 11. Ekhaya ngihlala nomama noSlindelo no Thembelani no Nomfundo.

Now I have arrived at home. I can see our house made of blocks [built by the government housing scheme], the toilet, a mud house and the kitchen. Now I can see two dogs: one is called Gesi and one is Brush.

My name is Lungisani, I was born in 1998. I am 11 years old. I live with my mom, Slindelo, Thembelani and Nomfundo.

SFX: Sound of dishes being washed

Lungisani: Sanibona.
Hello.

Mama: Yebo.
Hello.

SFX: Dish washing

Lungisani: Wenzani manje mama?
What are you doing Mama?

Mama: Ngigeza izitsha.
Ngingu Mzali kaLungisani Nzima nginezingane eziwu 4 abafana abawu 2 namantombazanie ayi 2.

I am washing dishes.

I am the parent of Lungisani. I have four children: two boys and two girls.

SFX: Dish washing

Lungisani: Uzizwa kanjani uma ngikusiza lapha ekhaya?
How do you feel about me helping here at home?

- Mama: Ngizizwa ngijabula kakhulu ngoba akekho omunye ongangisiza ngaphandle kwakho ngane yami, nguweni okokuqala futhi layikhaya.
I feel so happy because there is no one else beside you who can help me my child; you are the oldest child here at home.
- Lungisani: Umama ekhaya ngimsiza ngokuthi ngiyokha amanzi ngoMgqibelo ngiphinde ngipheke futhi ngoMgqibelo.
At home I help my mom by fetching water and also by cooking on Saturdays.
- Mama: Uyangikhisa amanzi upheke uma ngingekho uphekele abafowenu ugeze nengane uma kuwukuthi mhlawumbe angikho mhlawumbe ngisesibhedlela kanjena.
You fetch water for me, you cook and bath your siblings when I am not at home, like perhaps when I am at the hospital – things like that.
- Lungisani: Uzizwa kanjani ukuhlala lapha ekhaya ubaba angekho.
How do you feel about living here at home without my father?
- Mama: Ngizizwa ngidumala kakhulu ngoba kwesinye isikhathi ubaba wakho uyangisiza lapha ngishoda khona njengoba mhlawumpe ngithenge okunye kushode ekwazi ukubamba amatoho nangisize laphe ngishode khona.
I feel so sad because your father used to help fill the gaps - where I couldn't manage to buy enough he would get a piece job and supplement wherever I was short of cash.
- Lungisani: Siqale nini ukuhlala lapha ekhaya ubaba angekho?
When did we start living without my father?
- Mama: Siqale ngonyaka ophelile ngoMarch. Ngadabuka kakhulu ngesikhathi elandwa Ivan lekhaya. Ngakhala kodwa ngaphinde ngazikhuza ukuthi ngikhalelani ngoba akucacile lento oyeboshelwe yona.
Wena ngane yami uzizwa kanjani uma uhlala ubaba wakho ongekho?
We started last year in March. I was devastated when the police van fetched him here at home. I cried but I told myself not to because it's not clear what he was arrested for.
And you, my child, how do you feel about living without your father?
- Lungisani: Ngizizwa ngiphatheke kabi.
I feel sad.
- SFX: Children playing
- Lungisani: Nangu Nomfundo omncane ingane yokugcina laph'ekhaya. Yena uma ngikhuluma naye uvele ocashe ngoSindelo.
Wemfundo!
Here is Nomfundo, the lastborn here at home. When I speak to him he hides behind Sindelo.
Hey Nomfundo!
- Nomfundo: Angithandi, angithandi njalo,
I don't want to, I don't want to!

- SFX: Chickens
- Lungisani: Sawubona.
Hello.
- Nomfundo: Aphila.
I am fine.
- Lungisani: Ubani igama lakho?
What is your name?
- Nomfundo: uMfundo.
Mfundo.
- Lungisani: Ufundaphi?
Where do you go to school?
- Nomfundo: Ekheshi.
At the creche.
- Lungisani: Umlayezo wami engifuna ukuwusho ukuthi kusho ukuthi nakhu ubaba uhambile ekhaya kumele basitshele ukuthi ukuphi hhayi ukuthi basifihlele bathi uyasebenza. Ngiyabonga.
The message that I want to give is that when my father went away we should have been told [that he was going to jail] and not have had it hidden from us by telling us that he was at work. Thank you.



For further information contact:

Bridget Walters
Zisize Educational Trust
bridgetw@iafrica.com
+27 35 572 5500

Helen Meintjes
Children's Institute
helen.meintjes@uct.ac.za
+27 21 689 5404

Web: www.childrenradioproject.ci.org.za